

Ngosuku Iwesithathu kwavakashelwa izikole zase- Ixopo/ Jolivet

Bagqugquzelala izikole ukuba zilusebenzise usizo olunikezwa nguhulumeni futhi zingenqeni ukuthinta abasebenzi bakahulumeni uma kungukuthi zidinga usizo kanye nokwelulekwa

Ukuvulwa kwezikole nesasasa kufika uNgqongqoshe uPillay



UNgqongqoshe uMnuz Ravi Pillay ekanye nomzali eShayamoya Secondary School

Isuka ekhasini 9

KULESI sikole izinga lokuphaswa kweMathamatics neScience lehlile ngonyaka wezi-2012.

Ngosuku olulandelayo ithimba livakashele izikole zaseBulwer, okuyiMashayilanga Primary neSkoffil Secondary.

Kulezi zinsuku zontathu, zonke izikole abazihambela bathola ukuthi zibhekene nenkinga yokuthi abafundi bahamba ibanga elide ukuze bafinyelele ezikoleni, baningi abafundi ababhalisile, bangaphezu kwamagumbi okufundela, izinga lokuphasa kanye nesichotho esicekele phansi izikole; bebala nje okumbalwa.

UMnuz Sizwe Mchunu, oyilunga leSishayamthetho eSifundazweni unxuse uthishanhloko, othisha noMgwamanda Olawula Isikole (SGB) ukuba basebenzisane noHulumeni njengoba kade bengazelanga ukuzobheka

Ukuvakasha kwabe kungekona okokuzobheka izinselelo nje kuphela kodwa kwabe kungukozohalalisela lezo zikole ezisebenze kahle kakhulu kanye nokuzigqugquzelala ukuba ziqhubekelo phambili nokwenza kahle.

Bagqugquzelala izikole ukuba zilusebenzise usizo olunikezwa nguHulumeni futhi zingenqeni ukuthinta abasebenzi bakaHulumeni uma kungukuthi zidinga usizo kanye nokwelulekwa.

Ngosuku Iwesithathu kwavakashelwa izikole zase- Ixopo/ Jolivet.

Ngokulinganayo, zonke izikole ezivakashelwe zikhombise ukujabula futhi zabonga izithunywa zikaHulumeni ngokuba zizivakashele.

Lolu impela kube uhambo oluyimpumelelo njengoba izinkinga ezethuliwe zixazululwe ngendlela efanele, futhi izikole

nomhlahlandlela.

Okunye okube yisisombululo esahlonzwa kwaba ngukuthi izikole lezo ezinenkinga yabafundi abahamba ibanga elide zizohlinzekwa ngezinto zokuthutha abafundi.

UmNyango Wezemfundo KwaZulu-Natali uzoqhubeka ukulekelela izikole ngokuba uzhlinzeke ngezinthelelo ezahlukahlukene ekulekeleleni othisha nabafundi, othisha nomphakathi ukuba basebenze ngokubambisana ukuze bazuze imiphumela engcono.

UNgqongqoshe uMnuz Ravi Pillay namaLungu eSishayamthetho ngesikhathi benenguyazane

